**Imisindo ebuyekezwayo**
hl, kh, mb, nd, ng, ny, ph, dl, nz, sh

**Umsindo omusha**
**th** (**Th**uli, u**Th**uli, no**Th**uli, ukuyo**th**enga, wa**th**a**th**a, ese**th**a**th**a, izaqa**th**e, ye**th**u, angiyi**th**andi, ngiyasi**th**anda, iphake**th**e, ungi**th**olele, uku**th**ola, ne**th**anga, amavi**th**amini, e**th**uku**th**ele, wa**th**ela, waku**th**okozela)

**Amagama amasha abawabona njalo**

| isitshulu | kamnandi | wezwa |
|---|---|---|

**Angiyithandi imifino!**
**isiZulu**
**Izinga 2C**

ISBN: 978-1-77981-094-6

© 2023 Ulwazi Lwethu African Languages Literacy Project

Umbhali: Molteno
Umhumushi: Zandile Malaza
Umdwebi: Shameema Dharsey
Isakhiwo: Rock Bottom Graphic & Design

Uhlelo lokuqala lokushicilela luka-2023



Umama noThuli baya esitolo ukuyothenga imifino ukuze bapheke isitshulu.



Umama wathatha izaqathe nesipinashi.

“Izaqathe nesipinashi kuyilungele imizimba yethu,” kusho umama.


“Angiyithandi imifino,” kusho uThuli.



Umama wabe esethatha iphakethe lamagawu.

“Isitshulu sizoba namagawu,” kusho umama.

“Angiyithandi imifino,” kusho uThuli.



“Gijima ungitholele isaka lika-anyanisi, Thuli,” kusho umama. “U-anyanisi uyilungele imizimba yethu.”

“Angiyithandi imifino,” kusho uThuli.



“Bengifuna ukuthola nethanga, kepha alikho,” kusho umama.

“ANGIYITHANDI imifino,” kusho uThuli.



Umama wabe esethatha otamatisi.

“Utamatisi usinikeza amavithamini,” kusho umama.

“Angiyithandi IMIFINO,” kusho uThuli ecasukile.



“Gijima ungitholele amazambane, Thuli,” kusho umama. “Isitshulu sizoba namazambane.”

“ANGIYITHANDI IMIFINO,” kusho uThuli ethukuthele.



Ekhaya, umama wageza imifino, wayiqoba.

Wabe esefaka imifino embizeni, wathela namanzi.



Umama wapheka imifino nenyama. Wafaka usawoti nophepha namakhambi embizeni.

Isitshulu sanuka kamnandi!



Ngalobo busuku, uThuli wakuthokozela kakhulu ukudla isitshulu semifino!



“Angiyithandi imifino, kepha ngiyasithanda isitshulu!” kusho uThuli.

Umama wezwa loku wazihlekela.

Ulwazi Lwethu Readers

## Izinga 1-2

- Isomiso
- UNunu noBobo
- Amawele asizayo
- Lingandiza?
- Vala, vula, veza!
- Imbongolo kaGumbi
- Inyoka esibayeni!
- UMbali ukhumbule ubaba
- UMbimbi nesicabucabu
- UNdumi ufuna ukupenda
- UBongi umatasatasa!
- Basepulazini
- Bukela kimina, Phephe
- UShaka umangele!
- UMenzi nokuhlanzeka!
- Umlilo!
- Bahlala bebobabili!
- Umshado wezinkawu
- UShonaphi ulimele
- Asongeni amanzi
- UFumani nembuzi
- Isobho lemifino
- Isihluthu
- Abangani kunoma yisiphi isimo sezulu!
- Ubuchule bukaSidlodlo

## Izinga 3

- Ijazi eliguqukile
- Angiyithandi imifino!
- UNtando ojabulile!
- Uthingo lwenkosazane lukaThando
- Ingubo kaShila
- Uthando lwamawele
- Izicathulo zikaThobile ezintsha
- Basiza umkhulu ukuze alulame
- UNtombi ubamba isigebengu!
- Isifo sezingulube
- Umlimi uNceku nezinkawu
- Ukufunda ngamaxoxo
- Isifiso sikaNhlawulo siyafezeka
- Amanzi! Amanzi!
- Isihlahla eselaphayo
- UMoli neziqhumane
- Amaqanda kaDwiki alahlekile
- Isimangaliso sembewu
- UMabonwa uyasazi isikhathi
- Soweto
- Icebo elihle likaMandla
- Izipho
- Isibhelane sikaKulani
- UFani noSiba
- Umdlali ovelele
- Ibhola elilahlekile
- Indandatho yegolide
- UMondli uphethwe yisisu
- Ukunambitha ukudla kwesiVenda
- Isiko lwamaVenda
- Sivakashela esiqiwini
- UNomazwi uzigcina ephilile!

## Izinga 4-5

- Izinyosi
- Ujaheni Wenzile?
- Ingwenya enonya
- Izinhlobo zezithuthi
- Ukuziphindisela kwezinkunzi
- UThuthuva uqala kabusha
- Intombazana ehlakaniphile
- Izimpahla zinkulu kimi!
- Abafana abahlakaniphile
- Umdobi wezinhlanzi
- Ubusuku obungalaleki
- Isifo somkhuhlane
- UNomadlakadlaka onesibindi!
- Inkinga engadini kagogo
- Isicathulo esihle
- Iphupho likaSiviwe

Ulwazi Lwethu yiphrojekthi yeZenex Foundation exhaswe ngezimali futhi esungulwe ukuthuthukisa uchungechunge lwezincwadi zokufunda zolimi lwase-Afrika, ezisemazingeni kanye nezokungcebeleka, nezinsiza zokusekela othisha. Le phrojekthi iqondiswe ekufundiseni nasekusekeleni abafundi abaseSigabeni Sabokhewane ukuze bathuthukise ukufunda nokuqonda kwabo ulimi lwasekhaya. Izincwadi zokufunda zisungulwe ngezilimi eziyisishiyagalolunye zase-Afrika ngokubambisana neMolteno Institute for Language and Literacies, Nelson Mandela Institute for Education and Rural Development, Room to Read South Africa, kanye neSaide. Zonke izinsiza zenziwa njenge "Open Education Resources" (OER).

Please visit our website to download the full copy of this reader:
***ulwazilwethu.org.za***

Creative Commons Attribution-NonCommercial-NoDerivatives (CC BY-NC-ND) 4.0 International Licence

Disclaimer: You are free to download and share this work as long as you attribute Zenex Foundation, but you may not change this work in any way or use it commercially.

ISBN: 978-1-77981-094-6